Inkanyiso, 16 April 1891

NEWSPAPER: Supplement to *Inkanyiso*
DATE: 16 April 1891, p5.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE,-Epepeni lika March 26, 1891, No. 50, kupume incwadi ka B. Lutuli wase Groutville, engimcabangela ukuti ngu Benjamin ka Ncapai owelama u Ntaba, umnumzana owabepete umuzi wase Mvoti. Ngivumele ngibeke libe linye kuye, ngoba bengingakatandi ukumpendula, kengize ngibone impendulo yabafundi be *Nkanyiso* uba batini ukungisola kwabo. Kodwa ngingakampenduli, ngingajabula ukuba u "B. Lutuli" lo angazise ngeqiniso ukuba nguye yini u Benjamin engimtshoyo na? Futi ngingajabula kakulu ukuba ake awabukeze amazwi ami engawalobayo, angawasanganisi, angawafundi futi ngomoya ofudumeleyo, kona eyakuwaqonda. Ngicela loko-ke kwowakwa Lutuli.

Owako
MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.